NGIKUBHALISELA KANJANI UKUBHALA?

Kudingeka ubhalise ku-inthanethi:

1. Vula iwebusayithi ye-NBT: www.nbt.ac.za, chofoza ukuthi "Book a Test" bese ulandela imiyalelo elandelayo. Ungaphinde ubhalise nge-inthanethi kumakhalekhukhwini wakho.

2. Uzothola incwadi eqinisekisa ukubhalisa kwakho nequkethe ibhakhodi ye-EasyPay ukuze uyidawunilode bese uyiphrinta emva kokuchofoza ukuthi "submit". Kufanele uthathe incwadi yakho yokubhalisa ku-EasyPay Paypoint ukuze ukhokhe inkokhelo yokuhlolwa.

Ungaphinde ukhokhe kusizindalwazi sakwa-EasyPay: www.easypay.co.za. Asikho isidingo sokuba ufike nalezi zinto esikhungweni sokuvivinywa, kodwa ungaziphrinta bese uzigcinela amakhophi. Imiphumela ididelwa kuphela uma sezikhokheliwe izivivinyo.

Ukubhalisa kucacisa ngqo usuku nesikhungo. Uma uphuthwe isikhathi sakho sokubhala esinqunyiwe, noma uma ufisa ukubhala okwesibili, kufanele ubhalise bese uphinda ukhokha.

KUBIZA MALINI UKUBHALA?

Imali yokuvivinywa Yesikhathi Sowezi-2018 yile:

- ☐ **I-AQL ngama-R80 kuphela**
- ☐ **I-AQL ne-MAT- yi-R160**

UTHI BEWAZI NJE?

Uma kungekho sikhungo se-NBT esiseduze nalapho uhlala khona, ungasithumelela i-imeyli noma usishayele ucingo sizobe sesizama ukukuhlelela isikhungo lapho uzovivinywa khona.

I-imeyli nbt@uct.ac.za
Ucingo 021 650 3523
I-Twitter @cetap_uct
I-Facebook nationalbenchmarktest

www.nbt.ac.za

CETAP
Centre for Educational Testing for Access and Placement

UNIVERSITIES SOUTH AFRICA

Standard Bank

NBT
National Benchmark Tests Project

THE NATIONAL BENCHMARK TESTS

Testing for 2018
University Placement

YINI IZIVIVINYO ZIKAZWELONKE ZOKUHLONZA IZINGA LOMFUNDI?

Izivivinyo Zikazwelonke Zokuhlonza Izinga Lomfundi (NBT) zikala ukuthi ulungele kangakanani ukungena eNyuvesi.

KUNGANI KUFANELE NGIBHALE LEZI ZIVIVINYO?

Ama-NBT asetshenziswa ngamanyuvesi amaningi kuleli. Asiza izikhungo zemfundo ephakeme zikwazi ukutolika imiphumela yokuqeda kumabanga okufunda aphezulu njengeSitifiketi Sikazwelonke Sikamatikuletsheni (NSC). Imiphumela yokuvivinywa yeseka, yize noma ingathathi indawo noma ifane ncamashi nemiphumela ye-NSC.

Ezinye izikhungo zemfundo ephakeme zaseNingizimu Afrika zisebenzisa ama-NBT ukwamukela abafundi kanti ezinye ziwasebenzisela ukuhlonza ukuthi uzodinga ukwesekwa kwezemfundo okuthe xaxa yini ngenkathi uqhubeka nezifundo zakho. Aphinde asize ukuthuthukiswa kohlaka lwezifundo ezizokwenziwa. Buza esikhungweni semfundo obhalise kuso ukuthi kuzodingeka uzibhale na lezi zivivinyo..

YIZIPHI IZIVIVINYO OKUMELE NGIZIBHALE?

Ifakhalthi ofake isicelo ngaphansi kwayo yiyo ezosho ukuthi yiziphi izivivinyo okumele uzibhale kanye nosuku olungumnqamulajuqu lokuthola imiphumela yakho.

NGINGAZIBHALELA KUPHI IZIVIVINYO?

Ishedula ephelele enazo zonke izindawo zokubhalela izivivinyo ikhona kusizindalwazi se-NBT (www.nbt.ac.za). Uma kungekho zivivinyo ezibhalelwa eduze nalapho uhlala khona, thumela i-imeyili lapha nbt@uct.ac.za, noma usishayele ucingo lapha 021 650 3523 sizobe sesizama ukukuhlelela isikhungo esiyisipesheli sesivivinyo sakho.

INI ENGINGAYILINDELA KULEZI ZIVIVINYO?

- Kunezivivinyo ezimbili. I-Academic Literacy, ne-Quantitative Literacy (ezibe sezihlanganiswa: AQL), kanye ne-Mathematics (MAT). Ukuze uthole imininingwane ethe xaxa mayelana nalokho izivivinyo ezigxile kukho, vakashela isizindalwazi sethu lapha: www.nbt.ac.za.
- I-Quantitative Literacy iyafana ne-Mathematical Literacy.

- Izitshudeni eziphila nokukhubazeka nazo zihlinzekelwe. Isivivinyo se-AQL sesihumushiwe sabhalwa nge-Braille.
- Isivivinyo ngasinye sidinga ukuba usebenzise ulwazi lwakho olucoshe ngaphambilini – lokho okwaziyo nalokho okwazi ukukwenza – kuya ezinsizeni eziveza okulindelwe kuzitshudeni zonyaka wokuqala ezifundweni zasenyuvesi.
- Izivivinyo ziyimfihlo, ngakho akukho maphepha ezivivinyo zangaphambilini kanye nezinsizakufunda eziyisipesheli ezizonikezwa ukuze uzilungiselele izivivinyo.

KUFANELE NGIBHALE NINI?

Kufanele ubhale lapho uzizwa usukulungele ukubhala, kodwa qiniseka ukuthi uzinikeza isikhathi esanele sokuhlangabezana nazo zonke izinsuku ezingumnqamulajuqu nazo zonke izidingo zesifundo (imikhakha) ofake isicelo sokungena kuzo. Kufanele ubhale zombili izivivinyo ngosuku olulodwa. Uvumelekile ukubhala i-NBT ihlandla lesibili, kodwa kuyodingeka uqinisekise nefakhalthi yakho ukuthi amanqaku akho esibili ayokwamukelwa.

NGINGABHALA NINI?

Ukubhalisela konke ukubhalwa kwama-NBT kuvulwa ngomhla lu-1 kuMbasa 2017.

IZINSUKU ZEZIVIVINYO ZE-NBT	USUKU LOKUVALA UKUBHALISA KU-INTHANETHI	USUKU LOKUGCINA LOKUKHOKHA	IMIPHUMELA IYATHOLAKALA EZIKHUNGWENI	IMIPHUMELA IYATHOLAKALA KWABABHALILE
20-May-17	2-May-17	8-May-17	12-Jun-17	19-Jun-17
3-Jun-17	14-May-17	21-May-17	26-Jun-17	3-Jul-17
*04 Jun-17	14-May-17	21-May-17	26-Jun-17	3-Jul-17
17-Jun-17	28-May-17	4-Jun-17	10-Jul-17	17-Jul-17
*18-Jun-17	28-May-17	4-Jun-17	10-Jul-17	17-Jul-17
24-Jun-17	4-Jun-17	11-Jun-17	17-Jul-17	24-Jul-17
**30 Jun-17	11-Jun-17	18-Jun-17	24-Jul-17	31-Jul-17
1-Jul-17	11-Jun-17	18-Jun-17	24-Jul-17	31-Jul-17
15-Jul-17	25-Jun-17	2-Jul-17	7-Aug-17	14-Aug-17
*16-Jul-17	25-Jun-17	2-Jul-17	7-Aug-17	14-Aug-17
29-Jul-17	9-Jul-17	16-Jul-17	21-Aug-17	28-Aug-17
12-Aug-17	23-Jul-17	30-Jul-17	4-Sep-17	11-Sep-17
*13-Aug-17	23-Jul-17	30-Jul-17	4-Sep-17	11-Sep-17
26-Aug-17	6-Aug-17	13-Aug-17	18-Sep-17	26-Sep-17
9-Sep-17	20-Aug-17	27-Aug-17	2-Oct-17	9-Oct-17
16-Sep-17	27-Aug-17	3-Sep-17	9-Oct-17	16-Oct-17
30-Sep-17	10-Sep-17	17-Sep-17	23-Oct-17	30-Oct-17
7-Oct-17	17-Sep-17	24-Sep-17	30-Oct-17	6-Nov-17
*08 Oct-17	17-Sep-17	24-Sep-17	30-Oct-17	6-Nov-17
14-Oct-17	30-Sep-17	1-Oct-17	6-Nov-17	13-Nov-17
25-Nov-17	5-Nov-17	12-Nov-17	19-Nov-17	13-Dec-17
2-Dec-17	12-Nov-17	19-Nov-17	18-Dec-17	18-Dec-17
*03-Dec-17	12-Nov-17	19-Nov-17	18-Dec-17	18-Dec-17
**05-Jan-18	17-Dec-17	17-Dec-17	29-Jan-18	5-Feb-18
6-Jan-18	17-Dec-17	17-Dec-17	29-Jan-18	5-Feb-18

* Isikhathi sesivivinyo sangeSonto
**Isikhathi sesivivinyo sangoLwesihlanu